

# ZULULAND SOUTH EXTENSION MATTERS

61 Commercial Rd, Gingindlovu

Tel : +27 35 337 1593

Cell : +27 82 655 0358

Email: [ruth.rhodes@sugar.org.za](mailto:ruth.rhodes@sugar.org.za)

[www.sasri.org.za](http://www.sasri.org.za)



RUTH RHODES  
EXTENSION SPECIALIST /  
P&D OFFICER

## Sibingelele Mlimi,

Bekuyiviki elishubile abaningi benu belwisana nemililo, futhi abanye baye babhekana nomonakalo omkhulu emobeni nakumahlathi abo. Nazi ezinye zezinto esingaziqaphela uma nicabanga indlelayokuphatha umoba oshile

### Umoba omfishane ongeke ugayeke:

- Uma umoba umfishane kakhulu futhi kungekho ugoqo olubonakalayo, wuyeke uzohluma kwisinde.
- Uma umoba usunalo ugoqo kodwa umufishane ungeke uthumeleke esigayweni, kumele uhlahlelwe phansi bese uphathwa njengehlumela.
- Umangabe ubusuwufake umanyolo umoba omncane, thatha isampula lamaqabunga uma usuphinde wakhula, ukubheka ukuthi yimiphi imisoco okumele uyongeze.

### Uzowugawula kanjani:

Izindawo ezinkulu ezinomoba oshile ongeke uthunyelwe esigayweni zinga sikwa kusetshenziswa i-mulcher. Uma ingekho i-mulcher, ukugawula ngesandla nakho kulungile. Ungasebenzisa -gyro-mower kodwa imimese yayo kumele ibe bukhali: imimese ebuthuntu ingahlakaza isinde amahlumela ngabe esaba mahle. Qaphela: uMbasha ungabhebhetheka uma kusetshenziswa lamathuluzi awahlanzeke.

### Umoba onezingoqo ezingagayeka:

- Wuhlalelwuthumele esigayweni **NGOKUSHESHA**.
- Umoba oshile onezingoqo ezingagayeka ongahlaliwe, washiywa umile kuze kube isizini ezayo uzoholela kwihlumela elilandelayo elingelihle. Leso sitshalo sizobe sinezingoqo ezindala ezifile okuzoba nomthelela omubi kubuhle bomoba.

### Ukuwohloka:

- Umoba oshile wagawulwa ngokushesha uwohloka ngokushesha okukhulu, kulahleka amapheseni e-RV okungenani abalelwa ku-1 kuya ku-2 ngosuku, kodwa
- Umoba oshile washiywa umile uwohloka kakhulu kunalokhu. **AWUGAWULWE NGOKUSHESHA!**
- Qala ngomoba ovuthwe kunawo wonke, ulandele ngomoba omncane.

### Isihlava sona sinjani emobeni oshile omfishane, ongayi esigayweni?

- Umangabe insimu enomoba omncane inesihlava, hala itashi nezingoqo ezimfishane wenze olayini emva kokuwugawula, bese uyawushisa.
- Umangabe isihlava besingeyona inkinga umoba ungakashi, ungawushisi okwesibili, kodwa cela abakhwa P&D wazokuhlola insimu uma sewukhulile futhi wabanezingoqo ezincane, usungenza izinqumo ngokufutha uma usuthole imiphumela yokuhlola

### OKUBALULEKILE

**Umoba oshile awugawulwe ngokuphuthuma, nomangabe awuyi esigayweni. Ukuwushiya umile kuzoholela kumahlumela angemahle**